

**ISIZULU ULIMI LWASEKHAYA: IPHEPHA I**  
**ISIZULU HOME LANGUAGE: PAPER I**

Isikhathi: Amahora ama-3

Amamaki ayi-100

---

**QAPHELA LOKHU OKULANDELAYO**

1. Amakhasi aleli phepha ayi-15. Qinisekisa ukuthi nelakho liphelele.
  2. Leli phepha lineziqephu **EZINE**, isiqephu **A, B, C** kanye no-**D**. Bhekisisa ukuthi nelakho linazo zonke iziqephu.
  3. Qala isiqephu **EKHASINI ELISHA**. Uvumelekile ukuqala nganoma yisiphi isiqephu osithandayo kodwa usiqede ungaxubani imibuzo yesiqephu.
  4. Bhala izinombolo zemibuzo zibe njengoba zibhalwe ephepheni lemibuzo.
  5. Fundisisa yonke imibuzo kahle ngaphambi kokuyiphendula.
  6. Ungabhali lutho ngale kwemajini. Shiya imigqa emibili njalo emuva kombuzo.
  7. Bhala ngesandla esicacile, esifundekayo futhi umsebenzi wakho uhleleke kahle ngobunono.
-

**ISIQEPHU A****UKUQONDISISA****UMBUZO 1**

1.1 Funda le ndaba engezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

**ULIGUGU LIKAYISE UZOZIBINI**

***UZozibini Tunzi onguMiss South Africa noMiss Universe uthathwe noyise uMnumzane Lungisa Tunzi obelokhu eyeseke njalo indodakazi yakhe.***

- 1 Uyise kazime wakuleli okhale wemuka nesicoco sikaMiss Universe wakulo nyaka, uMnumzane Lungisani Tunzi uzwakalise ukuthi yize ubekubona kuyisibusiso ukuba nabantwana abangamantombazane kuphela, kodwa ubengenakho ukuqonda ukuthi singakanani isibusiso esiphezu komndeni wakhe.
- 2 UMnumzane Tunzi nguyise kazime, uZozibini Tunzi (26) onqobe isicoco sikaMiss South Africa ngomhlaka-9 kuNcwaba ngonyaka wezi-2019. Waphinde wethweswa esikaMiss Universe 2019 ngeSonto. Kusukela ngesikhathi indodakazi yakhe ilungiselela umncintiswano kaMiss South Africa, uMnumzane Tunzi, osebenza emnyangweni wezemfundo eTshwane, ubelokhu eyesekile. Ubebhala imiyalezo eyesekayo ezinkundleni zokuxhumana. Kweminye yayo ubecela umphakathi uyeseke ngokuyivotela uphinde uyibeke emikhulekweni. Uma echaza ngomndeni wakhe uMnumzane Tunzi, uwuchaze njengophila esisekelweni senkolo yobuKristu, futhi wazisa inhlonipho nemfundo. Ubuye abe ligosa esontweni lamaWeseli, eTshwane City Mission. Uthi yize umndeni wakhe ungamakholwa kodwa awuwalhlile amasiko esizwe samaXhosa. **Into emhlaba umxhwele** ngamasiko amaXhosa ukuthi akhuthaza inhlonipho kanye nokuzigqaja ngobuwena. Uthi isizwe esilahla amasiko aso, sifana ncamashi nesizwe esidukile.
- 3 Ngosuku olwandulela umncintiswano omkhulu kaMiss Universe 2019, obusestudiyo sikaTyler Perry, e-Atlanta, e-United States of America (USA), uMnumzane Tunzi ubhale ekhasini lakhe ku-Facebook ukuthi unomuzwa wokuthi indodakazi yakhe **izowudla umhlanganiso**. "Ngizwe kukhona abaphawulayo benovalo ngendodakazi yami ngesikhathi sidla isidlo sasekuseni. Ngathi ibahlalise lubhojozi." Njalo ekuseni ubevuka afake imiyalezo enamavesi omkhuleko ecelela indodakazi yakhe kuMdali, egcine isinqobile isicoco.


- 4 UZozibini wazalelwa eTsolo, esigodini saseSdwadweni, e-Eastern Cape ngomhla ziyi-18 kuMandulo ngonyaka we-1992. Uzalwa ngabazali abasemkhakheni wezemfundo. Unina uNkosikazi Philiswa (Nadopu) Tunzi uyithishelakazi e-Eastern Cape kanti uyise usebenza emnyangweni wezemfundo. Ungowesibili emantombazaneni amane okunguYanga (30), uSibabalwe (24) no-Ayakha (13).
- 5 Uma uZozibini echaza ngomndeni wakhe uthi, uyisisekelo esibalulekile kuye. Unqobe isicoco sikaMiss South Africa ngosuku lokugubha olwabesifazane kuleli, umhlaka 9 kuNcwaba 2019. Ufisa ukubona kwanda isibalo sabantu besilisa abawahloniphayo amalungelo abantu besifazane. Ufisa nokubona kwehla izigameko zokuhlukunyezwa kwabantu besifazane nezingane eNingizimu Afrika. Ngaphambi kokunqoba isicoco sikaMiss South Africa ubenza iB-Tech ku-Public Relations eCape Peninsula University of Technology. Ngasese ubesebenza ku-*agency* i-Ogilvy. Ugqugquzelwa ukufunda umlando wesishosho somzabalazo uSteve Biko, uMongameli wokuqala wentando yeningi, uMnumzane Nelson Mandela noPrincess Diana, bonke abangasekho. Unesiphiwo sokucula kanti unephimbo elimtoti yize ethi akaculi uma ephambi kwabantu. Unovalo lwezindawo eziphakeme neziyimihosha. Uyazifela ngesitambu nesitshulu senyama yenkomo.
- 6 Umbuzo omenze intandokazi kwabaningi yilapho abekhuluma ngesifundo okumele sifundiswe abantwana bamantombazane. "Ngicabanga ukuthi into ebalulekile kakhulu okumele siyifundise abantwana bamantombazane wubuholi, okuyinto eshodayo kakhulu kubantu besifazane. Isizathu salokhu kakusikho ukuthi kasithandi futhi kasifisi ukuba yibo kodwa yindlela umuntu wesifazane amukeleka futhi abukeka ngayo emphakathini, okuyindlela engathi isiyamukelekile. Sinamandla singabantu besifazane futhi kumele siwabambe ngazo zombili amathuba avelayo. Kumele sifundise abesifazane namantombazane ukuba bangene bagxile endaweni yabo ebafele ngaphandle kokuzenyeza."
- 7 Ngesikhathi elungiselela lo mncintiswano ubeqala ngamazwi amgqugquzelayo. "Njalo uma ngivuka ngizibuka esibukweni ngizikhumbuze ukuthi ngimuhle, ngihlakaniphile futhi ngingenza noma yini engiyithandayo. Muva nje bengilalela kakhulu iculo likaBeyonce elithi, "Brown Skin Girl" ukuzikhumbuza ngamandla nomlingo wokuba ngowesifazane omnyama."
- 8 Echaza ngendlela abukeka ngayo uthi, "ngingenele lo mncintiswano ngishaya ngezinwele zami zendabuko engizithatha njengophawu lobumina nengikholelwa kukho. Ngikhule emhlabeni lapho umuntu obukeka njengami ngokwebala nezinwele kuthiwa akekho ezingeni lokuba muhle. Ngiyacabanga lokho kumele kuphele kusukela namuhla. Ngiyafisa ukuba izingane ezisakhula zithi uma zibona ubuso bami, zizibone nazo kubona." Ekhuluma ngabesifazane kwezobuholi uthi, "kangingenelanga umncintiswano wokuba uMiss South Africa ngoba ngizitshela ukuthi ngimuhle kunabo bonke abesifazane bakuleli. Ngingenele ngoba kuyinkundla enika abesifazane igunya lokuhola ngezwi nomyalezo oqinile. Kuyisifiso sami ukuba abesifazane bakuqonde ukuthi banamandla nokuthi kulele kubona ukuba baqhubeka lapho kugcine khona abesifazane bango 1955."

[Indaba icashunwe ephaphandabeni *Ilanga*, langomhla ziyi-12–14 kuZibandlela 2019, yabuye yalungiswa]

- 1.1.1 Nikeza incazelo yegama elithi: uzime. (1)
- 1.1.2 Ake unikeze incazelo yezimo zokukhuluma ezibhalwe ngokugqamile esiqeshini ezisesigabeni sesi-2 nesesi-3. (2)
- 1.1.3 Tomula endabeni esigabeni sesi-3 igama elinomqondofana nelithi benengebhe bese ulisebenzisa emshweni. (1)
- 1.1.4 Fingqa ngomusho ogcwele ukuthi kwakuyini inhloso kaZozibini yokungenela umncintiswano kaMiss South Africa. (1)
- 1.1.5 Ake usho ukuthi yimaphi amathuba avulekayo kuzime onqobe isicoco sikaMiss South Africa. (2)
- 1.1.6 Hlolisisa ukuthi umbono noma yiqiniso yini ukuthi, "umuntu wesifazane onebala elinsundu nezinwele zendabuko akekho ezingeni lokuba muhle". (2)
- 1.1.7 Chaza ngamaphuzu amabili ukuthi yini eyanika uZozibini umfutho ukuze alangazelele impumelelo kangaka. (2)
- 1.1.8 Phawula uveze umbono wakho ngendima edlalwa umzali empumelelweni yengane. (2)
- 1.1.9 Ngaphandle kwalokhu okushiwo uZozibini endabeni, cacisa ukuthi wena ubona kuyikuphi okunye okungafundiswa izingane zamantombazane. (2)
- 1.1.10 Hlaziya ukuthi kube namthelela muni ukukhulela kukaZozibini ekhaya eliwahloniphayo amasiko esintu nelikhonza uMvelinqangi. (2)
- 1.1.11 Hlolisisa ukuthi ingakanani indima engadalwa abazali ukuqinisekisa ukuthi amaphupho ezingane zabo abayimpumelelo. (2)

**[19]**

1.2 Bukisisa lesi sithombe esingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.



[Isithombe sicashunwe ku-inthanethi]

- 1.2.1 Amazwi athi, "ciske impela ngaphambana nemvula" achaza kuphi kulokhu okulandelayo? (1)
- A Ingozi edalwe yimali.
  - B Ukushayela imoto izulu lina.
  - C Ukusinda ngenhlanhla engozini.
  - D Ukulimala kabi engozini yemoto.
- 1.2.2 Amazwi athi, "amadlozi akithi koBhasera asangibhekile" achazani? (1)
- 1.2.3 Phawula okubili okusesithombeni okukhombisa ukuthi kube yingozi embi le. (2)
- 1.2.4 Hlaziya isithombe bese uchaza ukuthi yikuphi okungenziwa ngumnyango wezokuthutha ezifundazweni ukunciphisa izingozi zomgwaqo eNingizimu Afrika. (2)

[6]

Amamaki angama-25

**ISIQEPHU B****UKUFINGQA****UMBUZO 2****IMIYALELO**

1. Fingqa lesi siqeshana ngamagama akho aphakathi kwangama-70 kuya kwangama-80.
2. Fingqa kube yisigatshana kodwa amaphuzu agqame abe yisihlanu.
3. Ungabe usasibhala isihloko uma ufingqa.
4. Bhala inani lamagama owasebenzisile ekugcineni kwesiqeshana osifingqile.

**GWEMA ISIKHUMBA ESOMILE EBUSIKA – THANDI ZONDI**

Uma kuza isikhathi sasebusika cishe wonke umuntu uyafikelwa wumcabango wokunakekelwa kwesikhumba ngendlela efanele. *ILanga LangeSonto* likhulume noDokotela Nokubonga Khoza ongudokotela wesikhumba. Usebenzela eThekwini Hospital and Heart Centre. Usichazele kabanzi ngezinkinga ezihlasela isikhumba ebusika nokuthi ungabhekana kanjani nazo.

"Isimo sezulu sasebusika siyasilimaza isikhumba, ngenxa yokuthi kusuke kubanda futhi kunomoya owomile, nokuyinto eqeda umswakama esikhunjani. Abanye bethu bangazithola benesikhumba esomile ngesikhathi sasenkwindla nasebusika ngenxa yokubakhona komoya owomile nobandayo ovela ngaphandle," kuchaza uDokotela Khoza.

Uthi lokhu kushintsha komoya kungaba nemithelela eyahlukene engemihle esikhunjani. Ezinye zezinkinga zesikhumba zidalwa ukubanda nokuluma kwaso i-*psoriasis* ne-*eczema*, kokubili okudalwa ukoma kwesikhumba. Lokhu koma kungaba kubi kakhulu ngezikhathi zamakhaza.

Ukuluma kwesikhumba kwasebusika kujwayelekile. Kwenzeka ngenxa yokoma kwesikhumba okwedlulele, okugcina sekwenza umuntu angakhululeki. "Lokhu kuluma kuba kubi kakhulu uma ugqoke izimpahla ezakhiwe ngoboya noma ngendwangu yefulaneli. Lolu hlobo lwendwangu luyinkinga esikhunjani. Ukulunyelwa okudalwa wubusika kujwayelekile ukuba sezithweni, ikakhulukazi ngasemadolweni, ngaphansi kwamakhwapha nasemaqakaleni," kuchaza uDokotela Khoza.

Izimpawu zijwayele ukuba zimbi ebusika noma uma ushintsha izimpahla zokugqoka, lokhu kungathatha izinsuku noma amasonto ukuba kwedlule. Abanye abantu balunyelwa kuze kuphele isikhathi samakhaza, kokunye kubuye kwezinye izikhathi zonyaka.

Ukhwekhwe yilapho uhlaselwa khona ngamasosha omzimba wakho esikhundleni sokuba akuvikele. Lokhu kwenzeka ngokuthi kukhiqizeke ngokweqile amaseli esikhumba. Lokhu kube sekudala ukuluma kwesikhumba, some sibe maholoholo. I-*eczema* ijwayelekile kakhulu kubantu abanesifo sofuba, iyinkinga engalapheki edala ukuba isikhumba sivuvukale lapho esisuke sithinteke khona. Okwamanje odokotela abakabi nolwazi ukuthi idalwa yini. Iyaba sozalweni lapho uthola khona ukuthi ilungu lomndeni elilodwa linenkinga yayo.

Njengoba kwaziwa ukuthi inkwindla nobusika komisa isikhumba, kubalulekile ukuthatha izinyathelo ukuswakamisa nokuvikela isikhumba ekubandeni. Gcoba isikhumba noma yikabili ngosuku, noma uma usizwa somile okanye siluma. Uma ugcoaba qinisekisa ukuthi umqala, ubuso, izandla, izinyawo, nezindebe kugcotshiwe. Abantu kufanele baphuze amanzi ukuze umzimba ubenamanzi enele. Kubalulekile ukuthi abantu bagqoke izimpahla ezakhiwe ngendwangu emnene esikhunjani esikhundleni sezingubo ezakhiwe ngoboya noma ngefulaneli.

Abantu bayakhuthazwa ukuthi balaphe isikhumba ngokushesha uma sibonakala ukuthi sinenkinga ukuze bagweme ukuba leyo nkinga ize ibe yimbi kakhulu. Kuhle ukusebenzisa isanithayiza engasomisi isikhumba ikakhulukazi lawo anenhlaba mahle ngoba kawomisi. Isivikelo selanga sibalulekile ebusika, sisebenzise nsuku zonke, kulo lonke uhlobo lwesikhumba.

[Icashunwe ephaphandabeni *ILanga LangeSonto*, kuNdasa 28, 2021 yabuye yalungiswa]

**Uzomakwa kanje:**

Amaphuzu amahlanu = 5

Amagama omfundi = 3

Ukubhala isigatshana = 1

Inani lamagama = 1

**Amamaki ayi-10**

**ISIQEPHU C****IZINKONDLO****UMBUZO 3****INKONDLO ENGAFUNDWANGA EKILASINI**

3.1 Funda inkondlo engezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

**Kwamfaz' Ongemama: F.F. Mbatha**

- |    |   |
|----|---|
| 1  | Awuthunyelwa gundane                          |
| 2  | Ngidele konke ngayokwenda,                    |
| 3  | Ngidel' ikhaya likababa,                      |
| 4  | Ngadel' izihlobo nabangani,                   |
| 5  | Ngadela nezinkalo zangakithi,                 |
| 6  | Uze ungilonde Mveli                           |
| 7  | <b>Kwamfaz' ongemama.</b>                     |
| 8  | Namuhla ngiqombol' izintaba,                  |
| 9  | Ngilibangise <b>kwamfaz' ongemama.</b>        |
| 10 | Noma ngibangwa nezibi,                        |
| 11 | Liyophuma lithi                               |
| 12 | Ngiyatefa ngiyazenzisa,                       |
| 13 | Uze ungcine Menzi                             |
| 14 | Lapho kwanhliziyo ngise.                      |
| 15 | Noma ngingayisisulu sikamamezala,             |
| 16 | Noma angangicakafula angichaphe               |
| 17 | Ngelumelayo yodwa,                            |
| 18 | Ngiyobekezela ngithobe.                       |
| 19 | Mntanomuntu ngibekezele,                      |
| 20 | Nngicine yonk' eyasemendweni.                 |
| 21 | Uz' ube yisihlangu sami Baba,                 |
| 22 | Lapho <b>kwamfaz' ongemama.</b>               |
| 23 | Konke kwenzeka samlingo,                      |
| 24 | Nokho loluthando luyithumbil' eyami,          |
| 25 | Lolu thando lungishay' indali emajukujukwini, |
| 26 | Ngiyazesaba ezakho izehlo.                    |
| 27 | Nokho akusenani                               |
| 28 | Sengobekezela ngizithobe,                     |
| 29 | <b>Kwamfaz' ongemama.</b>                     |

[Icashunwe encwadini ethi, *Amahloko*: ikhasi 56–57]

3.1.1 Veza amagama esitanzeni sesi-2 asitshela ukuthi indlela eya emendweni inzima.

(1)



- 3.1.2 Hlaziya ukuthi amagama alandelayo asenkondlweni awuthinta kanjani umoya wenkondlo.
- (a) Ngidele (1)
- (b) Ngiyobekezela (1)
- 3.1.3 Hlaziya ukuthi imbongi inika mqondo muni ngamagama atholakala esitanzeni soku-1, umugqa woku-1. (1)
- 3.1.4 Veza ukuthi ukuxhumanasiqalo okusemigqeni wesi-2 kuya kowesi-5 kuwulolonga kanjani umqondo wale nkondlo. (2)
- 3.1.5 Hlaziya ukuthi isihloko sale nkondlo sihambisana kanjani nokushiwo enkondlweni. (2)
- 3.1.6 Hlaziya inhloso yokuphindaphindwa kwamagama abhalwe ngokugqamile. (2)

### IZINKONDLO EZIFUNDWE EKILASINI

- 3.2 Funda le nkondlo engezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

**LE NKOMAZI YAKWETHU: E.J. Mhlanga**

1 Nondlini wakwethu ngiyabonga,  
 2 Ngibong' ubis' oluqhilika kuleyo mibele,  
 3 Yek' ukugwansa kwensengwakazi yakwethu.  
 4 Okweguqa lithath' ubunkunzi ngiyakhwibisha,  
 5 Ngihlab' usentu okovava luthelwe ngezibonkolo,  
 6 Bengiyoba yini kodwa ngaphandle kwalolu bisi,  
 7 Kwanamuhla engisalubona luchichim' ukuphila,  
 8 Kwamany' amathole luthi co! co! co!  
 9 Kepha kuwena lusagwansile,  
 10 Kusakleza nezizukulwane zakho.  
 11 Hhawu nondlini wakwethu lungaze lwephuse,  
 12 Zingakabuyi **inhlazane** sezibuyel' **umphehlu**,  
 13 Luselude ukhalo udedangendlale,  
 14 Ngalolu bisi usungiph' isibindi sokuludabula nginge-  
 dwa!

- 3.2.1 Yisho ukuthi igama elithi, 'nondlini' liwulolonga kanjani umqondo wale nkondlo. (1)
- 3.2.2 Hlaziya ukuthi umugqa weshumi ugqamisa mqondo muni ngokushiwo yinkondlo. Sekela lo mbono ngokufunde enkondlweni. (2)
- 3.2.3 Qhathanisa umehluko okhona phakathi kokubuya kwezinkomo inhlazane nokubuya umphehlu. (2)
- 3.2.4 Chaza umqondo oqukethwe umugqa wesi-8 nowesi-9. (2)

## 3.3 Funda le nkondlo engezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

**UNGAMUKELE: J.J. THWALA**

1 Uma umhlab' ungishaya ngendololwane,  
 2 Ngibe ngiyasondele ngithol' inhlanekela,  
 3 Ngibe ngiyaphikelela ngithol' isithende,  
 4 Ngcon' ungamukele kwelisenhla Somandla.

5 Uma umhlab' ungifulathela njalo,  
 6 Ngibe ngiyazisondeza ungikhabe njalo,  
 7 Imizamo ibe yizithukuthuku zenja,  
 8 Ngcon' ungamukele kwelisenhla Mdali.

9 Uma umhlab' ungiphendukele,  
 10 Wangiboph' izandla nezinyawo,  
 11 Wangival' amehlo nezindlebe,  
 12 Ngcon' ungamukele Mdali.

13 Uma umhlab' ungiph' isiphundu,  
 14 Ilanga lempilo licimele futhi,  
 15 Ukufa nokuphila kungenakwehlukani swa,  
 16 Ngcon' ungamukele kwelisenhla Mvelinqangi.

17 Uma umhlab' usungikhabele futhi,  
 18 Sengiphenduk' isimumu nesithulu,  
 19 Sengiphenduk' impumpethe nesigoga,  
 20 Ngcon' ungamukele kwelisenhla Somandla.

- 3.3.1 Chaza ukuthi ikhuluma ngani le nkondlo. (1)
- 3.3.2 Hlaziya ukuthi isimo sokukhuluma esisemugqeni wesi-7 sigcizelela mqondo muni kule nkondlo. (1)
- 3.3.3 Chaza ukuthi izimpawu zokuloba zinamthelela muni esigqini senkondlo. (1)
- 3.3.4 Veza ngokusobala umehluko okhona phakathi **kwesithulu nempumpethe**. (2)
- 3.3.5 Humusha imizwa yembongi ngesikhathi ibhala le nkondlo. Sekela impendulo yakho. (2)

## 3.4 Funda inkondlo engezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

**KWETHU: Z.L.M. Khumalo**

5	<p>Ngoba sengingadindiliza nje lapha? Sengingeqiwa ngiphindelelwa okhalweni? Sengingadikwadikwa zimpisi nje nikhona? Phinde! Ngiyalandula ngishaya phansi, Likhona ikwethu.</p>
10	<p>Ngoba senginganikanikwa ngamanq' ezulu? Nebala amakhank' ehlanz, azidephudephuzele? Amathamb' anethwe zimvula ziwakhukhule? Phinde! Ngima ngentaba, bheka! Nikhona? Kanti angizele yini?</p>
15	<p>Ngoba sengingaba ngumantunta nendishi? Ngoba sengingawundinga sithebeni, ngidinge? Ngiwubende yini lona luntul' indawo? Nqodo! Ungabona abakini! Abakwethu bangilinde kwethu.</p>
20	<p>Ngingathini ukupokel' abantu bezizwe? Abakhal' isililo sikaNandi ngami, Mina ngifun' ukupokel' abakwethu Abangekungilahlis' okwenyongo yenyathi: "Sakubona sakubeletha! Selokhu..." Abakwethu bayongibuza, bangiphumuze. Kwethu balindil' abakwethu.</p>
25	<p>Ngoba sengingagqabuka ngingacinyeziswa? Sengingaba yinkamsamlomo yaphakade? Lon' igodi lingawabon' amafid' asithupha? Sekungathen' ukuthi kogqitshw' umdlwane, Kwagunjana yizaba zokugcin' uqobo Phinde! Ungafa fi! Angivuki nginani? Mina nginethi mina lo kwethu.</p>

- 3.4.1 Nikeza imvumelwano etholakala ebinzeni loku-1 bese usho uhlobo lwayo. (2)
- 3.4.2 Chaza ukuthi uphawu lokubuza olusetshenziswe yimbongi ezitanzeni zale nkondlo lugcizelela mqondo muni. (2)
- 3.4.3 Hlaziya ukuthi umugqa we-18 unamthelela muni ekuqondeni kwakho indikimba yale nkondlo. (2)

<b>Amamaki angama-30</b>
--------------------------


**ISIQEPHU D****UHLELO NOKUSETSHENZISWA KOLIMI****UMBUZO 4**

4.1 Funda lesi siqephu esilandelayo bese uphendula imibuzo ezolandela.

Igciwane le Covid-19 ligadle kwezwele eNingizimu Afrika. Abantu bazothwala kanzima. Sekufe abantu abaningi. Bakhona abasindayo noma selibangenile igciwane. Ukuvalwa thaqa kwezwe kushiye abantu abaningi bephelelwe imisebenzi. Umsebenzi usemqoka esikhathini esiphila kuso. Emizini eminingi ikati lilele eziko. Nalabo abadla izambane likapondo abasalanga ngaphandle ngoba amabhizinisi abo avaluwe.

- 4.1.1 Sebenzisa isiqu -gadla emishweni emibili siveze imiqondo eyahlukene kuna le esesigabeni esingenhla. Sisebenzise njengebizo nesenzukuthi. (2)
- 4.1.2 Shintsha isenzo esingenhla "thwala" sibe yibizonto bese ulisebenzisa emshweni. (2)
- 4.1.3 Yakha umusho onomqondo oveza incazelo ehluke nesendabeni ngegama "sinda". (1)
- 4.1.4 Sebenzisa isenzo esisesigabeni esingenhla "-thwala" emshweni sikhombise umqondo wokwelekelela. (1)
- 4.1.5 Khombisa ngomusho onomqondo ukuthi isimo sokukhuluma: ikati lilele eziko, sichazani. (1)
- 4.1.6 Yisho ukuthi igama, "abantu" liwuhlobo luni lwebizo bese ulisebenzisa emsheni. (1)

4.2 Bhekisisa lesi sithombe esilandelayo bese uphendula imibuzo ezolandela.



[Sicashunwe ku-inthanethi]

- 4.2.1 Nika le khathuni isihloko esiyifanele, bese ucacisa ukuthi kungani siyifanele. (2)
- 4.2.2 Cacisa ukuthi kungabe laba abahlukumeza abesifazane sibalungele kanjani isigwebo esingama-32. (2)
- 4.2.3 Cubungula ukuthi iminyaka engamashumi amathathu nambili izodlulisa myalezo muni kuzigilamkhuba. (2)
- 4.2.4 Hlaziya ukuthi amazwi, "mlethe baba" aveza miphi imizwa ngale khathuni. (2)
- 4.2.5 Phawula ngendima engadlalwa izinkundla zamacala ukunciphisa izigameko zokhlukunyezwa kwabantu besifazane. (2)

4.3 Fundisisa lesi sikhangiso esingezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

NDASA 31, 2018

# ISIZULU SAKITHI

"Siyilwa ngepeni"



IMBILA YESWELA UMSILA  
NGOKULAYEZELA

---

IZINDATSHANA ZESIZULU

---

AMABANGA 6 KUYA KU 10

---

ONDINI NAMAPHETHELO

## Sinethulela Uhlelo "IsiZulu Sakithi"

Lwethulwa yi PEN Foundation, Ondini  
UMNCINTISWANO WAMINYAKA YONKE

# ZIYABUYA EMASISWENI MANJE

**APHELILE AMAHLATHI**

Ungabe usapholisa maseko, xhumana nathi njengamanje, uzizwele mathupha ukuthi ungasizakala kanjani kuloluhlelo lwethu olusha

IsiZulu Sakithi



[Sicashunwe ku-inthanethi]

- 4.3.1 Yisho ukuthi siqondiswe kobani lesi sikhangiso. (1)
- 4.3.2 Chaza ukuthi amagama akulesi sikhangiso athi, "imbila yeswela umsila ngokuyalezela" ahlose ukudlulisa myalezo muni. (1)
- 4.3.3 Cacisa ukuthi isetshenziselwani ifonti engalingani kulesi sikhangiso. (1)

- 4.3.4 Nikeza isizathu esizwakalayo usho ukuthi umncintiswano ofuze lo usiza kanjani ukukhulisa ulwazi lolimi lwesiZulu kubafundi. (1)
- 4.3.5 Phawula ngempumelelo yombhali ekusebenziseni ulimi ngobuciko kulesi sikhangiso. Bhala izibonelo ezimbili. (3)
- [25]**

## UMBUZO 5

Funda lesi sigatshana esilandelayo bese ulungisa lapho kungabhalekanga khona kahle ngokufaka izimpawu zokuloba, ubhalomagama olufanele nosonhlamvukazi endaweni efanele.

Kungabe umculo kamasikandi udla ubhedu lapha eningizimu Afrika Loluhlobo lomculo luculwa kakhulu ngolimi lwesizulu. Umnumzane bhodloza nzimande ongasekho emhlabeni waba ngomunye wabasakazi bokhozi fm abaqhakambisa kakhulu lo mculo. Kubaculi abadumile kubalwa ophuzekhemisi, uMfazomnyama nemithente. Abaculi besifazane nabo abazibekile phansi emculweni onje. Bangene ngomkhono nesiphanga.

**[10]**

**Amamaki angama-35**

**Amamaki esewonke: 100**